Chief Nkosiyenhliziyo
Buteleiz.

Dwarsrand Store,
Via Vryheid, Natal.
17. 11. 46

C25a
copy

H. Selby Msimango,

Nansi ke indaba enkulu esifikile kulamapulazi amabili: Rondekop, District Louwsberg, nelase Hierna die beskuldegdegenoom. Kuthe ngomuhla ka 14.11.46 kwafika uSayitsheni wase Louwsberg, Ngotshe, wabala bonke abantu abachithwayo nezingane zabo. Wabuza ukuthi ngabokuzalwa yini laphokulendawo. Savuma. Kunjalo wasethi useyothumela incwadi yamandla ukuba kuthathwe izinkomo zethu eMgungundlovu ukuba izinkomo zisiwe esikidi khona ke kobonakala ukuthi sozikhipha sizisephi ngoba kulendawo ngoba kulendawo aziseyi kubuyela khona sezodliwa khona lapho esikidi zingasenandawo ezingaya kuyo. Poke ngithi tshena uNdabazabantu omkhulu akulume neMantshi yase Ngotshe, Louwsberg, ukuthi uma unga faki umthetho pakathi kwabantu bezwe ukuthi zidlelwani abantu bazochitha igazi namuhla nje ngoba kuncono bathethe icala be hlulwe ngumthetho kunokuba banyonyobelwe adhle ibhange labantu noma uthi abaziyeke izinkomo zidliwe uma lingeka fiki igama kwafika labo abazithathayo kovela into embi kakulu. Ngiyabika ke mina Chief Nkosiyenhliziyo Butelezi. Ayisukume lendaba masinyane.

N.J.Mbokazi
Local Secretary.

Dwarsrand Store,
Via Vryheid, Natal.
17. 11. 46.

~~Local~~ H. Selby Msimango,

Kunjalo Msimango njengoba ngakutshela ngathi ngishiye kukubi. Poke sizake Msimango useluleke namuhlanje. Ngoba uma sesidliwanje asazi icebo esingalenza. Mutshene ke uMkhulumeli Champion ukuthi akasukume naye afike laphaeNgotshe Louwsberg asilamule sinayo imali namuhla ewu £26 esilindele ngayo. Poke Msimango ngisakwetemba ukuthi uyindoda ekade ibona njalo sesinawe namuhlanje loko okushoyo sokwenza. Nankoke.

Yimi owakho,

N.J.Mbokazi,
Umbhali.

Ngiyitholile futhi eyakho.

